

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA IBANGA 2

Uhlelo Lokufundisa Lwazwelonke luka-2021 Olubukeziwe

IZIQONDISO ZENDLELA YOKUSEBENZISA UHLELO OLULUNGISIWE LWEZIFUNDO ZOLIMI ESIGABENI ESIYISEKELO:

Sicela uphawule okulandelayo:

1. Uhlelo lwezifundo luye lwalungiswa ukuze luhlanganise ulwazi kanye namakhono ayisisekelo.
2. Onke amakhono ahlanganiswe esikhathini esinikeziwe. Ulwazi namakhono luphindwaphindwa masonto onke ukuze kungabikho umfundi ozolahlekelwa uma engayi esikoleni nsuku zonke.
3. Okuqukethwe kuhlukaniselwe ukufundiswa masonto onke.
4. Amasonto okuqala amathathu Ebanga 2 & 3 kufanele abe awokuqedela okusele kanye nokuhlanganisa konke okufundiwe ebangeni eledlule. Uma isikole sithola ukuthi lokhu akudingeki, kufanele silandele i-CAPS kusukela kokufundiswa kuthemu - lo 1.
5. Kufanele kube nokuxhumana okuqinile phakathi kwazo zonke izifundo.
6. Zonke izihloko Zolimi zihlanganisiwe, kanti Imisebenzi Yansuku Zonke ayibekelwanga isikhathi kodwa yenziwa usuku lonke.
7. Ukufunda kudingeka kwenziwe ngendlela elandelayo: **Isikhathi Esibekelwe Ukufunda Nokubhala (CAPS)**. Lezi zikhumbuzo zihlanganisiwe njengoba kubonakala sengathi kunomehluko omncane ekuqondeni lokho okushiwo Isikhathi Esibekelwe Ukufunda Nokubhala ku-CAPS.
 - **Isikhathi Esibekelwe Ukufunda Nokubhala** yisikhathi esingenakho ukuzikhethela (cishe ihora elilodwa) lokwenza Ukufunda Ngokuhlanganyela bese ngemva kwalokho kuba Ukubhala Ngokuhlanganyela okwenzeka emizuzwini yokuqala eyi-15. Ngemva kwalokho, kube inqubo yokuhlanganisa amakhono afundiwe Ekufundeni Ngokuhlanganyela/ Ukubhala Ngokuhlanganyela, kwenziwe umsebenzi wokubhala igama kanye nomusho (isib. Imisindo). Lokhu kuthatha cishe imizuzu eyishumi.
 - Ngemva kwalokho, kwenziwe Ukufunda Ngamaqembu Alawulwayo, abafundi behlukaniswe ngokwamaqembu amakhono okufunda. Ngesikhathi Esibekelwe Ukufunda Nokubhala, kubekwa isisekelo sokuba namakhono adingekayo okufunda ngababili, ukufunda ngokuzimela kanye nokubhala ngokuzimela OKUNGAPHANDLE kwesikhathi esibekelwe Ukufunda Nokubhala.
 - Lokhu kusekela amakhono kanye nolwazi oluyisisekelo futhi akuzimeli kodwa.
8. Noma nini lapho kwenziwa umsebenzi, ukuqhelelana kwabantu kufanele kunakwe.
9. Othisha kufanele bahlale benokuxhumana nothisha bamabanga angaphambilini (uma kunokwenzeka) ukuze kungabikho igebe elenzekayo phakathi kwamabanga.

IZIQONDISO ZOKUHLOLA: UKUHLOLA ISISEKELO

- Kufanele kwenziwe eamasontweni ama-2 kanye nama-3 okubuyela esikoleni. Vumela abafundi ukuba bejwayele amakilasi abo amasha ngaphambi kokuqala noma yikuphi ukuhlola.
- Imisebenzi yesisekelo akufanele izimele ngayodwa kodwa kufanele ihlanganiswe nenqubo yokufunda nokufundisa.
- Kufanele yenziwe ngokungahleliwe futhi kaningi yenziwe ngokubuka kanye nokukhuluma.
- Imisebenzi yokuhlola izogxila kokufundwe ebangeni eledlule.
- Inhloso yemisebenzi ukuthola izinga labafundi ukuze uqondise inqubo yokufunda nokufundisa ukuya phambili.
- Uthisha angawahlanganisa amakhono ahlolwayo uma kunokwenzeka.
- Onke amakhono ahlanganisiwe kungakhathaleki ukuthi afundiswa ngo-2020. Othisha bangasebenzisa ukuqonda kwabo uma bengafuni ukuhlola onke amakhono.

UKUHLOLA OKUHLELIWE

- Ukuhlola kwenziwa njalo Esigabeni Esiyisisekelo.
- Ukuhlola kungenziwa kuphela ngezinto ezifundisiwe.
- Ingxenye ye 4 Efinyeziwe kufanele isetshenziswe kukho konke ukuhlola.

Uhlelo Lokufundisa Lonyaka ka-2021 – Ithemu 1: ISIFUNDO: IsiZulu HL Ibanga 2

Isihloko se-CAPS	UKULALELA NOKUKHULUMA						
	Isikhathi Esincane Ngokwamukelekayo: 45 imizuzu ngesonto (3 x 15 imizuzu)						
	Isikhathi Esiningi Ngokwamukelekayo: 1 ihora ngesonto (4 x 15 imizuzu)						
Ithemu 1 45 izinsuku	Isonto 1 (3 izinsuku)	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4 & Isonto 5	Isonto 6 & Isonto 7	Isonto 8 & Isonto 9 (4 izinsuku)	Isonto 10 (3 izinsuku)
Ulwazi, Amakhono Nokuziphatha Okuyisisekelo	<ul style="list-style-type: none"> • Uhlela ulwazi isib. usebenzisa izithombe ezihamba ngasinye • Uphendula imibuzo evulekile nevalekile • Ukhuluma ngezehlakalo zempilo yakhe njengokuxoxa izindaba 	<ul style="list-style-type: none"> • Uphendula imibuzo evulekile nevalekile • Ukhuluma ngezehlakalo zempilo yakhe njengokuxoxa izindaba • Ulalela imiyalelo bese enza ngokufanele • Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> • Ukhuluma ngezehlakalo zempilo yakhe njengokuxoxa izindaba • Ulalela izindaba bese eveza imizwa yakhe ngendaba • Unikezana ithuba lokukhuluma • Uphinda ukulandelana kwezigameko ngokulandelana kwazo endabeni • Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> • Ulalela ngaphandle kokuphazamisa, ukhombisa inhlonipho kokhulumayo)ukuhlonipha okhulumayo • Ukhuluma ngezehlakalo zempilo yakhe, ngokwesibonelo, ukuxoxa izindaba • Uphakamisa izixazululo ezinkingeni ikakhulukazi esifundweni seziBalo • Ulalela indaba ngokuyijabulela abuye aphenhule imibuzo ehlobene nendaba • Ulalela imiyalelo okungenani enezingxenye ezimbili bese enza okufanele 	<ul style="list-style-type: none"> • Ulalela ngaphandle kokuphazamisa, abonise ukuhlonipha okhulumayo • Ukhuluma ngezehlakalo zempilo yakhe, ngokwesibonelo, ukuxoxa izindaba • Uphakamisa izixazululo ezinkingeni ikakhulukazi esifundweni seziBalo • Ulalela indaba ngokuyijabulela abuye aphenhule imibuzo ehlobene nendaba • Uyazibandakanya engxoxweni, abuze aphinde aphenhule imibuzo bese enza iziphakamiso zemibono 	<ul style="list-style-type: none"> • Ulalela ngaphandle kokuphazamisa, abonise ukuhlonipha okhulumayo • Ukhuluma ngezehlakalo zempilo yakhe, ngokwesibonelo, ukuxoxa izindaba • Uphakamisa izixazululo ezinkingeni ikakhulukazi esifundweni seziBalo • Ulalela indaba ngokuyijabulela abuye aphenhule imibuzo ehlobene nendaba • Usebenzisa amagama ahambelana nolwazi, njengokwenza isimemo • Uxoxa indaba enesiqalo, umzimba kanye nesiphetho 	<ul style="list-style-type: none"> • Uphakamisa izixazululo ezinkingeni ikakhulukazi esifundweni seziBalo • Ulalela indaba ngokuyijabulela abuye aphenhule imibuzo ehlobene nendaba • Uyazibandakanya a engxoxweni, abuze aphinde aphenhule imibuzo bese enza iziphakamiso

Isihloko se-CAPS	IMISINDO Isikhathi esincane ngokwamukelekayo: 1 ihora ngesonto (4 x 15 imizuzu) Isikhathi esiningi ngokwamukelekayo: 1 ihora 15 imizuzu ngesonto (5 x 15 imizuzu)						
Ithemu 1 45 izinsuku	Isonto 1 (3 izinsuku)	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4 & Isonto 5	Isonto 6 & Isonto 7	Isonto 8 & Isonto 9 (4 izinsuku)	Isonto 10 (3 izinsuku)
Ulwazi, Amakhono Nokuziphatha Okuyisisekelo	<ul style="list-style-type: none"> Ukwazi ukubona ubudlelwano phakathi kohlamvu nomsindo emagameni anemisindo ehamba ngayodwa 	<ul style="list-style-type: none"> Ukwazi ukubona ubudlelwano phakathi kohlamvu nomsindo emagameni anemisindo ehamba ngayodwa Buyekeza Wakha amagama ngemisindo ayifundile Ufunda amagama asemishweni nakweminye imibhalo Buyekeza (noma fundisa) ongwaqa abajwayelekile abanhlamvumbili : mb Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> Ukwazi ukubona ubudlelwano phakathi kohlamvu nomsindo emagameni anemisindo ehamba ngayodwa Wakha amagama ngemisindo ayifundile Ufunda amagama asemishweni nakweminye imibhalo Buyekeza (noma fundisa) ongwaqa abajwayelekile abanhlamvumbili : mb no-mf Ufunda ukupela amagama ayi-10 ngesonto athathwe ezifundweni zemisindo Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> Buyekeza ongwaqa abajwayelekile abanhlamvumbili: mp, mv, gc, gx Ubona uhlamvu olusekuqaleni kwegama Usebenzisa ongwaqa abanhlamvumbili abasekuqaleni nasekugcineni ukwazi nokuhlakaza amagama Buyekeza ongwaqa abajwayelekile abanhlamvumbili (mp, mv, gc, gx) ekugcineni kwamagama njengokuthi i-mpi, i-mvu Ufunda ukupela amagama ayi-10 ngesonto athathwe ezifundweni zemisindo 	<ul style="list-style-type: none"> Usebenzisa ongwaqa abanhlamvumbili abasekuqaleni nasekugcineni ukwazi nokuhlakaza amagama Buyekeza ongwaqa abajwayelekile abanhlamvumbili (gq, ts) ekugcineni kwamagama njengokuthi i-si-gqi, u-tso-tsi -l mpi, i-mvu Ufunda ukupela amagama ayi-10 ngesonto athathwe ezifundweni zemisindo 	<ul style="list-style-type: none"> Ukwazi ukubona ubudlelwano phakathi kohlamvu nomsindo emagameni anemisindo ehamba ngayodwa Buyekeza ongwaqa abajwayelekile abanhlamvumbili: mf, mv, mb Ubona uhlamvu olusekuqaleni kwegama Wakha amagama anemisindo emi 3 no-4 ngokusebenzisa izinhlamvu ezihamba ngazodwa kanye nezinhlamvumbili ezifundiswe kule themu Ufunda ukupela amagama ayi-10 ngesonto athathwe ezifundweni zemisindo 	<ul style="list-style-type: none"> Usebenzisa ongwaqa abanhlamvumbili abasekuqaleni nasekugcineni ukwazi nokuhlakaza amagama Wakha amagama anemisindo 3 no-4 ngokusebenzisa izinhlamvu ezihamba ngazodwa kanye nezinhlamvumbili ezifundiswe kule themu

Isihloko se-CAPS		UKUFUNDA						
		<i>Kubalulekile ukufunda iphuzu 7 eziqondisweni ezisekhasini lokuqala.</i>						
Ithemu 1 45 izinsuku		Isonto 1 (3 izinsuku)	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4 & Isonto 5	Isonto 6 & Isonto 7	Isonto 8 & Isonto 9 (4 izinsuku)	Isonto 10 (3 izinsuku)
Ulwazi, Amakhono Nokuziphatha Okuyisisekelo	Ukufunda	<ul style="list-style-type: none"> • Usebenzisa ikhava yencwadi ukuqagela ukuthi incwadi imayelana nani • Usebenzisa imikhondo nezithombe ukuqonda indaba • Uphendula imibuzo evulekile ehambisana nobekufundwa 	<ul style="list-style-type: none"> • Usebenzisa izinkomba nezithombe ezisencwadini ukuze aqonde • Uphendula imibuzo evulekile ehambisana nobekufundwa • Ubona ukulandelana kwezigameko kwakufundayo • Uhumusha ulwazi oluvela kumaphosta • Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> • Usebenzisa imikhondo nezithombe ukuqonda indaba • Ubona imbangela nomphumela yezehlakalo endabeni • Ufunda umyalelo olula ekilasini • Uveza umuzwa wakhe ngombhalo ofundiwe • Ukuhlola isisekelo 	<p>Tshengisa iqhinga leminwe eyisihlanu lapho khona umunwe ngamunye umelela iqhinga umfundi angalisebenzisa ukuze akwazi ukufunda igama angalazi kanye nencwadi yalo ngendlela ehlelekile.</p> <p>Ulwazi olulandelayo luthathwe Encwadini kaThisha: Ukufundisa Ukufunda Emabangeni Aphansi (uMasingana 2008), Umyango Wemfundo</p> <ol style="list-style-type: none"> 1. Isithupha: Yeka igama bese ufunda uze uyofika ekugcineni komusho 2. Umunwe Wokuqala: Bheka izithombe kanye nesihloko 3. Umunwe Wesibili: Zibuze ukuthi zikhona yini izingxenye zegama ozibonayo 4. Umunwe Wendandatho: Biza igama ngokuliphimisela 5. Umunwe Omncane: Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini 			

Isihloko se-CAPS		UKUFUNDA						
		<p style="text-align: center;">Ukufunda Ngokuhlanganyela: Isikhathi esincane ngokwamukelekayo: 1 ihora ngesonto (3 x 20 imizuzu)</p> <p style="text-align: center;">Isikhathi esiningi ngokwamukelekayo: 1 ihora 15 imizuzu ngesonto (5 x 15 imizuzu)</p>						
Ithemu 1 45 izinsuku		Isonto 1 (3 izinsuku)	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4 & Isonto 5	Isonto 6 & Isonto 7	Isonto 8 & Isonto 9 (4 izinsuku)	Isonto 10 (3 izinsuku)
Ulwazi, Amakhono Nokuziphatha Okuyisisekelo	Ukufunda Ngokuhlanganyela	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda izincwadi ezinkulu noma imibhalo eyandisiwe nekilasi lonke ngokuhlanganyela nothisha Usebenzisa izithombe nekhava yencwadi ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani Uphendula imibuzo evulekile ehambisana nobekufundwa 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda izincwadi ezinkulu noma imibhalo eyandisiwe nekilasi lonke ngokuhlanganyela nothisha Usebenzisa imikhondo nezithombe ukuqonda indaba Uphendula imibuzo evulekile ehambisana nobekufundwa Ubona ukulandelana kwezigameko kwakufundayo Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda izincwadi ezinkulu noma imibhalo eyandisiwe nekilasi lonke ngokuhlanganyela nothisha Ubona imbangela nomphumela yezehlakalo endabeni Ukwazi ukubona ingqikithi kokufundiwe Uphendula imibuzo evulekile ehambisana nobekufundwa Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda izincwadi ezinkulu noma imibhalo eyandisiwe nekilasi lonke ngokuhlanganyela nothisha Usebenzisa imikhondo ebonwayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani: ikhava yencwadi, izithombe ezisencwadini Ukwazi ukubona imininingwane ebalulekile kobekufundwa njengokulandelana kwezehlakalo Uveza umuzwa wakhe ngombhalo ofundiwe Ugxila kulokhu <ul style="list-style-type: none"> - ulwazi ngombhalo - izici zombhalo - ukuqonda ngamazinga ehlukeni 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda izincwadi ezinkulu noma imibhalo eyandisiwe nekilasi lonke ngokuhlanganyela nothisha Usebenzisa imikhondo ebonwayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani: ikhava yencwadi, izithombe ezisencwadini Ukwazi ukubona imininingwane ebalulekile kobekufundwa njengokulandelana kwezehlakalo Uveza umuzwa wakhe ngombhalo ofundiwe Ugxila kulokhu <ul style="list-style-type: none"> - amaphethini olimi - amaqhinga okubona igama - ukuqonda ngamazinga ehlukeni 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda izincwadi ezinkulu noma imibhalo eyandisiwe nekilasi lonke ngokuhlanganyela nothisha Usebenzisa imikhondo ebonwayo ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani: ikhava yencwadi, izithombe ezisencwadini Ugxila kulokhu <ul style="list-style-type: none"> - imisindo - ukuqonda ngamazinga ehlukeni 	

Isihloko se-CAPS		UKUFUNDA						
		Amaqembu Alawulwayo: 2 amahora 30 imizuzu ngesonto (2 x 15 imizuzu ngosuku (2 amaqembu nsuku zonke))						
		Ngokuzimela/Ngababili: 3 x ngesonto						
Ithemu 1 45 izinsuku		Isonto 1 (3 izinsuku)	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4 & Isonto 5	Isonto 6 & Isonto 7	Isonto 8 & Isonto 9 (4 izinsuku)	Isonto 10 (3 izinsuku)
Ulwazi, Amakhono Nokuziphatha Okuyisisekelo	Amaqembu Alawulwayo	<ul style="list-style-type: none"> Wakha ulwazi lwamagama abonakala njalo 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda ngokuphimsela encwadini yakhe eqenjini lokufunda okulawulwayo nothisha. okuwukuthi, wonke amalungu eqembu afunda incwadi efanayo Usebenzisa imisindo, ahlaziye umongo nesimo senkulumo uma efunda Uyaziqaphela uma efunda Wakha ulwazi lwamagama abonakala njalo Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda ngokuphimsela encwadini yakhe eqenjini lokufunda okulawulwayo nothisha, okuwukuthi, wonke amalungu eqembu afunda incwadi efanayo Usebenzisa imisindo, ahlaziye umongo nesimo senkulumo uma efunda Usebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze aqonde Wakha ulwazi lwamagama abonakala njalo Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda buthule nangokuphimsela lapho efunda incwadi yakhe ngesikhathi sokufunda ngamaqembu Okulawulwayo nothisha, lapho ikilasi lonke lifunda indaba eyodwa ngokwemiyalelo yezinga leqembu labo Usebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze aqonde Usebenzisa amagama abonwa njalo, imisindo, ahlaziye umongo nesimo senkulumo uma efunda Ukhombisa ukuqonda izimpawu zokukhanyisa (ongqi, okhefana, imibuzi nezibabazi) uma efunda ngokuphimsela Uqhubeka nokwakha uhla lwamagama asebenza njalo oluvela ohlwelweni lokufunda ngokuzenzekela afundwa ngokuzenzekela ezindabeni ezisemazingeni ehlukenene 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda buthule nangokuphimsela lapho efunda incwadi yakhe ngesikhathi sokufunda ngamaqembu Okulawulwayo nothisha, lapho ikilasi lonke lifunda indaba eyodwa ngokwemiyalelo yezinga leqembu labo Usebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze aqonde Usebenzisa amagama abonwa njalo, imisindo, ahlaziye umongo nesimo senkulumo uma efunda Ukhombisa ukuqonda izimpawu zokukhanyisa (ongqi, okhefana, imibuzi nezibabazi) uma efunda ngokuphimsela Uqhubeka nokwakha uhla lwamagama asebenza njalo oluvela ohlwelweni lokufunda ngokuzenzekela afundwa ngokuzenzekela ezindabeni ezisemazingeni ehlukenene 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda buthule nangokuphimsela lapho efunda incwadi yakhe ngesikhathi sokufunda ngamaqembu Okulawulwayo nothisha, lapho ikilasi lonke lifunda indaba eyodwa ngokwemiyalelo yezinga leqembu labo Usebenzisa izithombe ezisendabeni ukuze aqonde Usebenzisa amagama abonwa njalo, imisindo, ahlaziye umongo nesimo senkulumo uma efunda Ukhombisa ukuqonda izimpawu zokukhanyisa (ongqi, okhefana, imibuzi nezibabazi) uma efunda ngokuphimsela Uqhubeka nokwakha uhla lwamagama asebenza njalo oluvela ohlwelweni lokufunda ngokuzenzekela ezindabeni ezisemazingeni ehlukenene 	<ul style="list-style-type: none"> Ufunda buthule nangokuphimsela lapho efunda incwadi yakhe ngesikhathi sokufunda ngamaqembu Okulawulwayo nothisha, lapho ikilasi lonke lifunda indaba eyodwa ngokwemiyalelo yezinga leqembu labo Ukhombisa ukuqonda izimpawu zokukhanyisa (ongqi, okhefana, imibuzi nezibabazi) uma efunda ngokuphimsela
	Ukufunda Ngokuzimela	Khetha izindaba ezaziwayo noma ezisezingeni lokufunda ngokuzimela kwengane (elula kunalezo ezisetshenziswa ekufundeni ngokuhlanganyela ezoba nokubiza kahle amagama okuyi-95% lapho efunda indaba) <ul style="list-style-type: none"> Ufunda ngokuzimela: izincwadi ezinezithombe, amakhadi ezinkondlo, izincwadi zezindaba kumtapo wezincwadi noma ekhoneni lokufunda lasekilasini 						

Isihloko se-CAPS	<p style="text-align: center;">UKUBHALA (Ngokuhlanganyela, Neqembu, Ngokuzimela) Isikhathi Esincane Ngokwamukelekayo: 1 ihora ngesonto (4 x 15 imizuzu) Isikhathi Esiningi Ngokwamukelekayo: 1 ihora ngesonto (3 x 20 imizuzu)</p>						
Ithemu 1 45 izinsuku	Isonto 1 (3 izinsuku)	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4 & Isonto 5	Isonto 6 & Isonto 7	Isonto 8 & Isonto 9 (4 izinsuku)	Isonto 10 (3 izinsuku)
Ulwazi, Amakhono Nokuziphatha Okuyisisekelo	<ul style="list-style-type: none"> • Udweba izithombe ukudlulisa umyalezo , njengezindaba zakhe • Ubhala indaba yakhe 	<ul style="list-style-type: none"> • Udweba izithombe ukudlulisa umyalezo ofana nomayelana nezindaba zakhe • Ubhala indaba yakhe • Unikezelana ngemibono uma kubhalwa incwadi yezindaba zekilasi (Ukubhala Ngokuhlanganyela) • Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> • Udweba izithombe ukudlulisa umyalezo ofana nomayelana njengezindaba zakho • Ubhala indaba aziqambe yona esebenzisa imisindo efundiwe namagama asetshenziswa njalo • Wakha inqolobane kanye nesichazamazwi sakhe esebenzisa uhlamvu lokuqala egameni ukuthuthukisa amakhono esichazamazwi • Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> • Unikezelana ngemibono imibono uma kubhalwa incwadi yezindaba zekilasi (Ukubhala Ngokuhlanganyela) • Ubhala okungenani imisho emi-3 ngezindaba aziqambele zona esebenzisa imisindo emisha efundiwe namagama asetshenziswa njalo • Ubhala uhla lwezinto eziyimisebenzi yosuku esebenzise ukhefana ukuzihlukanisa • Wakha inqolobane kanye nesichazamazwi sakhe esebenzisa uhlamvu lokuqala egameni ukuthuthukisa amakhono esichazamazwi 	<ul style="list-style-type: none"> • Unikezelana ngemibono imibono uma kubhalwa incwadi yezindaba zekilasi (Ukubhala Ngokuhlanganyela) • Ubhala okungenani imisho emi-3 ngezindaba zakhe noma izindaba azakhele zona esebenzisa osonhlamvukazi nongqi • Udweba umfanekiso futhi abhale imisho emi- (2-4) ngesihloko (imisho emi-2-4) ukusiza ekwenzeni incwadi yasekhoneni lokufunda ekilasini • Wakha inqolobane kanye nesichazamazwi sakhe esebenzisa uhlamvu lokuqala egameni ukuthuthukisa amakhono esichazamazwi 	<ul style="list-style-type: none"> • Unikezelana ngemibono imibono uma kubhalwa incwadi yezindaba zekilasi (Ukubhala Ngokuhlanganyela) • Ubhala okungenani imisho emi-3 ngezindaba aziqambele zona esebenzisa imisindo emisha efundiwe namagama asetshenziswa njalo • Udweba izithombe ukudlulisa umyalezo , njengezindaba zakhe • Wakha inqolobane kanye nesichazamazwi sakhe esebenzisa uhlamvu lokuqala egameni ukuthuthukisa amakhono esichazamazwi 	<ul style="list-style-type: none"> • Unikezelana ngemibono imibono uma kubhalwa incwadi yezindaba zekilasi (Ukubhala Ngokuhlanganyela) • Ubhala okungenani imisho emi-3 ngezindaba aziqambele zona esebenzisa imisindo emisha efundiwe, amagama asetshenziswa njalo, osonhlamvukazi nongqi

Isihloko se-CAPS	<p style="text-align: center;">UKUBHALA KAHLE NGESANDLA</p> <p style="text-align: center;">Isikhathi Esincane Ngokwamukelekayo: 45 imizuzu ngesonto (3 x 15 imizuzu)</p> <p style="text-align: center;">Isikhathi Esiningi Ngokwamukelekayo: 1 ihora ngesonto (4 x 15 imizuzu)</p>						
Ithemu 1 45 izinsuku	Isonto 1 (3 izinsuku)	Isonto 2	Isonto 3	Isonto 4 & Isonto 5	Isonto 6 & Isonto 7	Isonto 8 & Isonto 9 (4 izinsuku)	Isonto 10 (3 izinsuku)
<p>Ulwazi, Amakhono Nokuziphatha Okuyisisekelo</p>	<ul style="list-style-type: none"> • Ubamba ipensela aphinde abeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele • Ubhala izinhlamvu ezincane ngendlela efanele: ngokwezinkomba nokushiywa kwezikhala phakathi kwemigqa • Ubhala amagama awahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama 	<ul style="list-style-type: none"> • Ubamba ipensela aphinde abeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele • Ubhala izinhlamvu ezincane ngendlela efanele: ngokwezinkomba nokushiywa kwezikhala phakathi kwemigqa • Ubhala amagama awahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama • Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> • Ubamba ipensela aphinde abeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele • Ubhala izinhlamvu ezincane ngendlela efanele: ngokwezinkomba nokushiywa kwezikhala phakathi kwemigqa • Ubhala amagama awahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama • Ukuhlola isisekelo 	<ul style="list-style-type: none"> • Ubamba ipensela aphinde abeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele • Ubhala izinhlamvu ezincane ngendlela efanele: ngokwezinkomba nokushiywa kwezikhala phakathi kwemigqa • Ubhala amagama awahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama • Ukopisha bese ebhala imisho emibili noma ngaphezulu ngokubonakalayo nangendlela efanele 	<ul style="list-style-type: none"> • Ubamba ipensela aphinde abeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele • Ubhala osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane ngendlela efanele: ngokwezinkomba nokushiywa kwezikhala phakathi kwemigqa • Ubhala amagama awahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama • Ukopisha bese ebhala imisho emibili noma ngaphezulu ngokubonakalayo nangendlela efanele • Ubhala aphinde asebenzise izimpawu zokukhanyisa (ongqi, imibuzi, izibabazi) 	<ul style="list-style-type: none"> • Ubamba ipensela aphinde abeke nezinto zokubhala (ibhuku/ikhasi) ngendlela efanele • Ubhala osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane ngendlela efanele: ngokwezinkomba nokushiywa kwezikhala phakathi kwemigqa • Ubhala amagama awahlukanise kahle ngezikhala phakathi kwezinhlamvu namagama • Ukopisha bese ebhala imisho emibili noma ngaphezulu ngokubonakalayo nangendlela efanele • Ubhala aphinde asebenzise izimpawu zokukhanyisa (ongqi, imibuzi, izibabazi) 	<ul style="list-style-type: none"> • Ubhala osonhlamvukazi nezinhlamvu ezincane ngendlela efanele: ngokwezinkomba nokushiywa kwezikhala phakathi kwemigqa • Ukopisha bese ebhala imisho emibili noma ngaphezulu ngendlela efanele

Ulwazi oluyimfuneko	Ibanga 1 amakhono, ulwazi nokuziphatha okuyisisekelo	
Izinsiza-kufundisa (ngaphandle kwencwadi) zokuthuthukisa ukufunda	<ul style="list-style-type: none"> • Izinqubo zokufunda • Amafleshi-khadi • Izincwadi ze-DBE • Izincwadi Ezinkulu • Izithombe • Amaphosta 	
Ukuhlola Ukufunda	UKULUNGELA UKUHLOLA	<ul style="list-style-type: none"> • Imisebenzi kufanele ibhekwe bese ihlolwa ngesikhathi semisebenzi yesifundo yansuku zonke yeZilimi. • Ikhono ngalinye alenzelwanga ukuba umsebenzi wokuhlola kodwa kunalokho ukuqinisekisa ukuthi abafundi banikeziwe ithuba lokubonisa lawa makhono ngokukhuluma nangokwenza.
SBA	ITHEMU 1 UKUHLOLA	<ul style="list-style-type: none"> • Imisebenzi kufanele ibhekwe bese ihlolwa ngesikhathi semisebenzi yesifundo yansuku zonke yeZilimi. • Ikhono ngalinye alenzelwanga ukuthi libe umsebenzi wokuhlola kodwa kunalokho ukuqiniseka ukuthi abafundi banikeziwe ithuba lokubonisa lawa makhono ngokukhuluma, ngokwenza nangokubhala. • Ukuhlola kungenziwa kuphela uma ulwazi lufundisiwe nabafundi babe nesikhathi esanele sokuzilolonga. • Imisebenzi yokuhlola ngomlomo kufanele ihlanganiswe Namakhono Okuphila kanye Nezibalo uma kungenzeka. • Ukuhlola kuyinqubo ehleliwe eyenziwa njalo yokuqoqa, ukurekhoda, ukuchaza, ukusebenzisa kanye nokubika ulwazi olumayelana nentuthuko yengane kanye nokufinyelelwe ekuthuthukiseni ulwazi, amakhono nezimo zengqondo. • Kubalulekile futhi nokuphawula ukuthi umsebenzi ngamunye wokuhlola akufanele ubhekwe njengesehlakalo esisodwa noma isivivinyo, kodwa kufanele kuvumelane nezimiso zokuhlola okwenziwa njalo ngazo zonke izikhathi. <p>UKUHLALELA NOKUKHULUMA</p> <ul style="list-style-type: none"> • Uxoxa indaba enesiqalo, umzimba kanye nesiphetho <p>IMISINDO</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ngomlomo Nangokubhala: Wenza amagama esebenzisa onkamisa (Isikhathi esibekelwe ukufunda: Kugxilwa engxenyeni Yokufunda Imisindo Ekufundeni: • Ngomlomo: Ukufunda Ngamaqembu Alawulwayo (GGR) Usebenzisa amagama abonwa njalo, amakhono okuqonda (amalunga, ukuhlaziya umongo, ukufunda ngokugeleza) ekufundeni umbhalo ofundwa ngokuzimela (Isikhathi esibekelwe ukufunda) • Amakhono okuqonda (Isikhathi esibekelwe ukufunda) <ul style="list-style-type: none"> - Imibuzo engokoqobo - Ukuqagela - Ukuhlela kabusha: ukuhlela kabusha izigameko ngokulandelana kwazo - Ukwenza iziphetho: Yini, Kungani, Kanjani <p>UKUBHALA</p> <ul style="list-style-type: none"> • Unikeza imibono namagama ukusiza endabeni yekilasi (Ukubhala Ngokuhlanganyela) (Isikhathi esibekelwe ukufunda) • Ubhala okungenani imisho emi-3 ngezindaba aziqambebe zona esebenzisa imisindo emisha efundiwe, amagama asetshenziswa njalo, osonhlamvukazi kanye nongqi. <p>UKUBHALA KAHLE NGESANDLA</p> <ul style="list-style-type: none"> • Ukopisha futhi abhale imisho emifushane ngendlela efanele.